




Edition 2  
isiZulu, English


It starts with a story...


## Reading with your child


We all love to hear "Read this to me, please!" because it means that our children are interested in books. But do you sometimes wonder whether there are ways that you could improve your reading-for-enjoyment times with your children?


The most important thing is for you to enjoy yourselves because that way your children will learn that reading is a pleasurable activity. So, while there are no right or wrong ways to share books with a child, here are some ideas you might like to try.


 **Choosing books.** Sometimes let your children choose which books they want you to read. Other times, talk together about the books to choose and suggest ones that you think will suit their interests.

 **Timing is everything.** Share stories at times when your children find it easy to settle down like after bath time or just before they go to sleep at night. Younger children may find it difficult to concentrate for long periods of time so don't read for too long. Remember you want to encourage them to develop an interest in stories and books, so don't make it a chore!

 **Don't skip the cover.** Read the title of the book and the name of the author and illustrator each time you read a book. This helps them to know that real people just like them write and illustrate stories.

 **Ask questions.** As you read the story, ask open-ended questions about it. 'What do you think will happen next?' is a great question to help children develop their prediction skills which are essential to being a successful and independent reader.

 **Read it again!** If your children ask you to read a story again... and again and again, do it! This allows them to discover new things about the story each time.

 **Reading together is for older children too.** Once children can read, you do not have to stop reading to them! Choose books that are more difficult and complex than the ones they can read on their own.


Neo's dad  
Ubaba  
kaNeo


Neo


## Ukufunda nengane yakho


Sonke siyathanda ukuzwa lokhu "Ngicela ungifundele, lokhu!" ngoba kusho ukuthi ingane ithanda amabhuku. Kodwa ngabe kuyenzeka ngezinye izikhathi umangale ukuthi ngabe zikhona yini izindlela zokuthuthukisa ukufundela injabulo nezingane zakho?


Into ebaluleke kakhulu ukuthi wena ujabule ngoba ngaleyo ndlela izingane zizobona ukuthi ukufunda kuyinto ejabulisayo nethokozisayo. Ngakho-ke, ngisho noma ingekho indlela eyiyo nengeyiyo yokwabelana namabhuku nezingane zakho, nansi eminye imibono ongathanda ukuyizama.


 **Ukukhetha amabhuku.** Kwesinye isikhathi nikeza izingane zakho ithuba lokukhetha amabhuku ezifuna ukuwafunda. Kwesinye isikhathi khuluma nazo ngamabhuku ukukhetha kanye nokuphakamisa amabhuku ocabanga ukuthi ahambelana nezikhathokozelayo.

 **Ukwenza izinto ngesikhathi esifanele kubalulekile.** Xoxa izindaba ngesikhathi lapho izingane zakho zikuthola kulula ukuhlala phansi zizize njengemuva kokubhava noma lapho senizoyolala ebusuku. Izingane ezincane zingakuthola kunzima ukugxilisa umqondo isikhathi eside, ngakho-ke ungafundi isikhathi eside. Khumbula ukuthi ufuna ukuzikhuthaza ukuthokozela izindaba kanye namabhuku, ngakho-ke ungakwenzi kube umsebenzi onzima noyisidina!

 **Ungayeqi ikhava.** Funda isihloko sebhuku kanye negama lombhali nomenzi wemifanekiso njalo lapho uqala ukufunda ibhuku. Lokhu kuzisiza ukwazi ukuthi abantu abavamile abafana nazo ababhala izindaba kanye nokwenza imifanekiso yazo.

 **Buza imibuzo.** Njengoba ufuna indaba, buza imibuzo engenampendulo eyodwa. 'Ngabe ucabanga ukuthi yini ezokwenzeka ngemuva kwalokhu?' lona umbuzo omkhulu osiza izingane ukuthuthukisa amakhono azo okuqagela okungamakhono abalulekile okuba ngumfundi onempumelelo.

 **Funda futhi!** Uma izingane zakho zikucela ukuthi uphinde ufunde indaba... uyiphinda-phinde, kwenze lokho! Lokhu kwenza ukuthi ziithole ulwazi olusha ngezinto ngendaba njalo lapho ufunda.

 **Ukufunda nonke yinto elungele nezingane ezindala.** Lapho izingane sezikwazi ukufunda, awuyeki ukufunda nazo uyaqhubeka! Khetha amabhuku athe ukuba nzima kunalawo ezingazifundela wona ngokwazo.

For more information on reading to children as well as how to read to children of different ages, go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

Ukuthola ulwazi olubanzi ngokufundela izingane kanye nokuthi uzifundela kanjani izingane ziminyaka ehlukene, yiya ku: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

Win!

Turn to page 7 to find out how to win a mini-library worth R25 000!



Wina!

Wina! Yiya ekhasini lika-7 ukuthola ukuthi ningaziwanela kanjani ilayibrari encane yenani lika-R25 000!

Help your child be a somebody.  
Siza ingane yakho ukuthi ikhule ibe ngumuntu obalulekile.



It starts with a story...

# Growing readers

All over South Africa people are starting reading clubs to get young people reading! Some of these clubs have been running for a number of years while others are just starting – but what is common to all of them is that they have caught the story-bug and they don't want to let it go!

Why do people start reading clubs? These people know how important telling stories, reading and writing are in our lives. They want to provide regular opportunities for children to enjoy listening to stories and reading and writing. They know that as children experience stories and books, they will grow to love them and also become better at reading and writing.

So, what is a reading club? It's a relaxed environment that is more like home than school. Nobody is forced to come – it's something you choose to do. It's a place where people who love stories and books meet regularly to read, tell stories and talk about what they are reading with children of all ages. Sometimes they also do other fun activities related to stories and books. And often there's time for club members to write too...because reading and writing go together. All of these things can happen in any language – in fact, most of the clubs tell and read stories in at least two languages!

If you aren't going to use this supplement, please give it to someone who will! Deliver it to a school, community centre, library or someone you know.



## Ukwandisa inani labafundi

Kuyo yonke iNingizimu Afrika abantu baqala ukuba nama-club okufunda ukukhuthaza izingane ukufunda! Amanye ama-club aseqhubeka iminyaka kanti amanye asaqala – kodwa into efanayo ngawo wonke, ukuthi athokozela ukufunda izindaba, kanti futhi afuna ukuqhubeka!

Kungani abantu beqala ama-club okufunda? Laba bantu bayazi ukuthi kubaluleke kangakanani ukufunda nokuxoxa izindaba, ukufunda kanye nokubhala yinto esezimpilweni zethu. Bafuna ukunikeza izingane zabo njalo amathuba okuthokozela ukulalela izindaba, ukufunda kanye nokubhala. Bayazi ukuthi njengoba izingane zithokozela izindaba kanye namabhuku, zizokhula ziwathanda kanti futhi zibe ngabafundi nababhali abangcono.

Ngakho-ke yini i-club lokufunda? Isimo esinethezekile esifana nasekhaya kunasesikoleni. Akekho umuntu ophoqekele ukuza – yinto ozikhethela ukuyenza. Yindawo lapho abantu abathanda izindaba namabhuku abahlangana khona njalo ukufunda, ukuxoxa izindaba kanye nokukhuluma ngalokho abakufunda nezingane zabo zeminyaka ehlukeni. Kwesinye isikhathi benza nemisebenzi ethokozisayo yokulingisa izindaba namabhuku abawafundayo. Kanti futhi kuvamise nokuthi kube nethuba lamalunga e-club lokubhala... ngoba ukufunda kanye nokubhala kuyahambisana. Zonke lezi zinto zingenziwa nanganoma yiluphi ulimi – empeleni, ama-club amaningi axoxa nokufunda izindaba ngezilimi ezimbili noma ngaphezulu!

Uma ungezukulusebenzisa lolu shicilelo, sicela ukuthi ulunikeze omunye ozolusebenzisa! Luhambise esikoleni, esontweni, kwisikhungo somphakathi noma komunye umuntu omaziyo.



## More about reading clubs

- ★ A reading club can be a place to learn to read if you can't read at all or to improve your reading if you don't read very well.
- ★ People who start up and run reading clubs are responsible people who make time regularly to share their knowledge, time and love of stories and books with children.
- ★ Anyone can be involved: toddlers, children, teenagers, moms, dads, grandparents, volunteers and other caregivers.
- ★ Some clubs are big with up to 50 children in them. They meet in large venues like the ones you will find at schools, libraries and community centres. Other clubs are smaller, like ones where adults host small reading groups in their homes for 5 or 6 children who live with or near them.
- ★ Some clubs are even started and run by children and teenagers in their homes or at school during break or after school.
- ★ Other clubs meet as part of the regular programmes run for children at church, temple or mosque, or as part of the after-school care programme at school. There are even clubs especially for babies and toddlers at clinics.



## Okuningi ngama-club okufunda

- ★ I-club yokufunda ingaba yindawo yokufunda amabhuku, uma ungakwazi ukufunda noma ukuthuthukisa ikhono lakho lokufunda uma ungakwazi ukufunda kahle.
- ★ Abantu abaqala nokuqhuba ama-club okufunda ngabantu abazimisele abazinika isikhathi njalo ukwabelana ngolwazi lwabo, isikhathi kanye nothando lwabo lwezindaba kanye namabhuku nezingane zabo.
- ★ Noma ngubani angabamba iqhaza: izinsana, izingane, intsha, omama, obaba, omkhulu nogogo, amavolontiya kanye nabanakekeli.
- ★ Amanye ama-club makhulu amalunga afinyelela ku 50 wezingane. Bahlangane ezindaweni ezinkulu ezifana nezikole, amalayibhrari, kanye nezikhungo zemiphakathi. Amanye ama-club mancane, lapho othola khona iqembu elincane labantu abahlangana emakhaya abo, elinezingane ezingu 5 noma ezingu 6 abahlala nazo noma abahlala eduzane nazo.
- ★ Amanye ama-club aqalwa futhi aqhutshwa zingane kanye nentsha emakhaya azo noma ezikoleni ngesikhathi sekhefu noma lapho siphumile isikole.
- ★ Amanye ama-club ahlalanga njengengxenywe yohlelo lwezingane oluqhutshwa esontweni, kumathempele noma kuma-mosque noma njengengxenywe yohlelo lonakekelo lwezingane lapho sekuphume isikole noma esikoleni. Kukhona nama-club enzelwe izinsana ezincane ezisancelayo kanye nezisacathulayo!

### Create your own mini-book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

### Zenzele ibhukwana lakho

1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulolu shicilelo.
2. Lisonge libe ngu hafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe ngu hafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



# Get story active!

After you and your children have read *It's time*, try out some of these ideas.

## If you have 10 minutes...

- Look closely at the pictures in the story. Can your children find Zaza in each of the pictures? What is she doing?
- Help older children to deepen their understanding of the story by asking them to pay attention to the details in the pictures. For example, what is funny on pages 2 and 8? What are the children reading about on page 9? Who isn't writing on page 13 and what are they doing?

## If you have 30 minutes...

- Ask your children to find all the animals in the pictures. Can they name them and describe what they are doing?
- Let your children draw their own pictures of Zaza. Help them to write one or two sentences about their pictures.
- Talk to your children about the things that Zaza does each day and the things they do. Which things are the same? Which are different? Ask them what their favourite time of day is and why they enjoy it so much.

## If you have 1 hour...

- Fold a few sheets of paper to create a book so that your children can create their own books about the regular events in their lives or about events they imagine. Encourage them to draw pictures of these events. Help younger children finish their books by writing the words they tell you for each picture. Let older children write on their own. Ask them to try to spell words for themselves. If they need help, give it and suggest that they use the words 'It's time for...' from the story. Encourage your children to read their own books and to share them with others!

For more story activities go to: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

Ukuthola okunye okwenzekayo ngendaba, yiya kwi [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



Illustrations by Nikki Jones  
Izithombe ngu-Nikki Jones



# Bamba iqhaza endabeni!

Ngemuva kokuba wena nezingane zakho nifunde indaba ethi: *Yisikhathi*, zama eminye yale mibono.

## Uma unemizuzu engu 10...

- Bhekisisa izithombe endabeni. Ngabe izingane ziyabona uZaza kwisithombe nesithombe? Ngabe wenzani?
- Siza izingane zakho ukujulisa ulwazi lwazo lwendaba ngokuzicela ukuthi zijulise umqondo kwimininingwane esithombeni. Isibonelo, yini okuyisimanga ekhasini lika 2 kanye neli-ka 8? Ngabe izingane zifunda ngani ekhasini lika- 9? Ngubani ongabhali ekhasini lika 13 nokuthi zenzani?

## Uma unemizuzu engu 30...

- Cela izingane zakho ukuthola izilwane kanye nokusho amagama azo ezithombeni? Ngabe ziyakwazi ukusho amagama azo kanye nokuchaza ukuthi zenzani?

- Nikeza izingane ithuba lokuzidwebela izithombe zikaZaza. Siza izingane ukubhala umusho owodwa noma emibili ngezithombe.
- Khuluma nezingane zakho ngezinto ezenziwa nguZaza usuku nosuku nezinto ezizenzayo. Ngabe yiziphi izinto ezifanayo? Yiziphi ezihlukile? Buza izingane ukuthi ngabe yisiphi isikhathi esizithokozelayo zosuku kanye nokuthi kungani zithokozela lezo zinto kakhulu.

## Uma unehora elilodwa...

- Songa amaphepha ambalwa ukwenza ibhuku ukuze izingane zakho zizenzele amabhuku azo ngezinto ezizenzayo nsuku zonke empilweni yazo noma ngezinto ezizicabangela zona. Zikhuthaze ukudweba izithombe zalezi zinto. Siza izingane ezincane ukuqeda amabhuku azo ngokubhala amagama ezikutshela wona ngesithombe nesithombe. Nikeza izingane ezindala ithuba lokuzibhalela ngokwazo. Zicele ukuthi zipetele amagama ngokwazo. Uma zidinga usizo, zisize kanye nokuphakamisa ukuthi zisebenzise amagama athi 'Yisikhathi...' asukela endabeni. Khuthaza izingane zakho ukufunda amabhuku ezizenzele wona kanye nokwabelana ngawo nabanye!

### Can you find the things that Zaza uses each day?

shoes  
radio  
book

rope  
pencil  
bag  
socks  
dress



x	d	s	f	g	r	s	p	r	z
a	b	h	s	c	o	d	b	a	g
e	b	o	o	k	p	f	g	d	h
i	f	e	c	p	e	n	c	i	l
j	d	s	k	l	m	n	q	o	r
t	v	x	s	d	r	e	s	s	z



### Ngabe ungathola izinto uZaza azisebenzisayo nsuku zonke?

izicathulo  
irediyo  
ibhuku

intambo  
ipensela  
isikhwama  
amasokisi  
irokwe



x	i	s	i	k	h	w	a	m	a	r
x	d	i	f	g	r	s	i	r	m	d
a	i	z	i	c	a	t	b	u	a	i
a	b	i	s	c	o	d	h	a	s	p
i	z	i	c	a	t	h	u	l	o	e
i	k	r	s	m	u	v	k	i	k	n
a	v	e	b	g	e	t	u	k	i	s
j	d	d	k	l	m	n	q	o	s	e
t	v	i	n	t	a	m	b	o	i	l
g	k	y	n	w	v	j	s	t	p	a
i	r	o	k	w	e	d	f	j	a	z

## Win a mini-library worth R25 000!

Our wonderful sponsors have donated books so that we can give away fine mini-libraries. If you live in the Western Cape, Eastern Cape, KwaZulu-Natal or Gauteng, you stand a chance of winning one of these mini-libraries for your reading club or school.\* SMS NALIBALI followed by your name, the name of your reading club or school, address and contact number to 32545. SMSs cost R1. Closing date: 31 July 2012

\* Terms and Conditions apply.  
Go to [www.nalibali.org/supplements](http://www.nalibali.org/supplements) for more details.



## Wina ilayibhrari encane yenani lika-R25 000!

Abaxhasi bethu abayisimanga banikezele ngamabhuku ukuze sinikeze ngamalayibhrari amancane amahlanu. Uma uhlala eNtshona Kapa, eMpuma Kapa, eKwaZulu-Natal noma eGauteng, unethuba lokuwinela i-club yenu youfunda noma isikole elinye la lamalayibhrari amancane.\* Thumela i-SMS yegama elithi: NALIBALI ulandelise ngegama lakho, igama le-club yenu yokufunda noma isikole, ikheli kanye nenombolo yokuxhumana ukuthumele kwinombolo ethi: 32545. I-SMS ibiza u-R1. Usuku lokuvula ngumhla ka: 31 Julayi 2012

\* Kukhona imibandela nezimo ezisetshenziswayo.  
Yiya kwi [www.nalibali.org/supplements](http://www.nalibali.org/supplements) ukuthola imininingwane ebanzi.

CAMBRIDGE

OXFORD

PEARSON

NuMetro

## Story corner

Here is the second part of our story by Donvé Lee for you to read aloud or tell. Remember, last week Sefudi's mother had died and this had made him very sad.



Illustration by Donvé Lee  
Izithombe ngu-Donvé Lee

### Sefudi's sadness (Part 2)

That night he dreamt again about a lady on the moon. This time her face was shining with love and kindness in the way that his mother's face used to shine when she looked at him. She was carrying a big box of coloured crayons and big sheets of sparkling white paper. When he woke up she was gone, but she had left a smile in his heart. In the days and weeks after that, Sefudi started to laugh a little.

And he started to draw. A lot.

He drew on his hands and his arms and his legs and on his school desk and sometimes when he just couldn't help himself he drew on the blackboard when the teacher wasn't looking. One day his teacher became so tired of telling him to clean himself and everything else that she gave him a drawing book and a box of coloured pencils and his smile was the biggest smile that ever-there-was. And when Sefudi saw his brightly coloured pictures grow out of the sparkling white paper his heart began to sing.

As he grew older Sefudi's drawings became more and more marvellous. His teachers and his aunts and his uncles and his father and his father's friends said that he was a special boy with a special gift, because when they looked at his pictures the sunny colours melted some of the sadness in their hearts. And when they listened to the stories that the pictures told them, they understood things that they had never understood before.

Sefudi didn't tell them about those strange and wonderful dreams. He didn't tell them about the dream which caused the River of Sadness to pour down his cheeks. He didn't tell them about the dream which planted a smile in his heart.

But some nights when the moon was a big silvery ball in the sky, and the darkness was silent and full of secrets, he looked for the Lady on the Moon. And the thought he saw her. Smiling.

## Isikhathi sokuxoxa

Nansi ingxene yokuqala yendaba kaDonvé Lee ukuze ufunde ngezwi eliphezulu kanye nokuxoxa. Uyakhumbula, ngeviki eledlule umama kaSefudi washona kanti lokhu kwenza ajabhe kakhulu.

### Ukujabha kukaSefudi (Ingxenye 2)

Ngalobo busuku waphupha futhi ephupha intombi enyangeni. Manje ubuso bayo babucwebezela ngothando kanye nomusa ngendlela ubuso bukamama wakhe babuba ngayo lapho embheka Wayephethe ibhokisi elikhulu lamakhrayoni emibala-bala kanye namaphepha amhlophe acwebezelayo. Lapho evuka, wayengekho, kodwa wayeshiye ukumoyizela enhliziyweni yakhe. Izinsuku ezilandela lolo suku, uSefudi waqala ukuhleka kancane.

Kanti futhi waqala ukudweba. Kakhulu.

Wayedweba ezandleni zakhe, emikhonweni yakhe kanye nasezinyaweni zakhe kanye nasedeskini lakhe esikoleni, kwezinye izikhathi wayedweba nasebhodini elimnyama lapho uthisha engamboni. Ngelinye ilanga, uthisha wakhe wase ekhathele ukumtshela ukuthi akayozihlamba imidwebo, ngakhoke wamnikeza ibhuku lokudweba kanye nebhokisi lamapensela emibala-bala, uSefudi wamoyizela kakhulu ngendlela ayengakaze amoyizele ngayo. Lapho uSefudi ebona isithombe semibala-bala sikhula ephapheni elicwebezelayo, inhliziyweni yakhe yaqala ukucula.

Njengoba uSefudi ekhula, imidwebo yakhe yaya nayo iba ngenhle ngokuyisimanga kakhulu. Othisha bakhe kanye nomamncane nomamkhulu kanye nobaba wakhe omncane, kanye nabangani bakababa wakhe bathi lomfana ngobalulekile futhi unesipho esibalulekile, ngoba lapho bebona izithombe zakhe, imibala yazo yayincibilikisa ukujabha ezinhliziyweni zabo. Kanti lapho belalela izindaba zezithombe zakhe, babeqondisisa izinto ababengazange baziqondisise ngaphambilini.

USefudi akazange abatshale ngamaphupho akhe angavamile nayisimanga. Akazange abatshale ngephupho elenza ukuthi umfula wezinyembezi zakhe ugobhozela ezihlathini zakhe. Akazange abatshale ngephupho lakhe elenza ukuthi amoyizele enhliziyweni yakhe.

Kodwa ngobunye ubusuku lapho inyanga iyinkulu icwebezela njengesiliva esibhakabhakeni, kanti ubumnyama buthule bugcwele izimfihlo, wayebheka phezulu ebheka intombi eseNyangeni. Futhi acabange ukuthi uyibonile. Amoyizele.

Go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) and enter our competition to win a copy of the book, *Knowing you, knowing me* which 'Sefudi's sadness' comes from.

Ngena ekhelini elithi: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ebese ungenela umncintiswano ukuwina ikhophi yebhuku elisihloko sithi: *Knowing you, knowing me* lapho okuvela khona indaba yesihloko esithi 'Ukujabha kukaSefudi'.

You can help put these supplements into the hands of young readers!

Donate to the Sunday Times Readers' Fund  
Account number: 00 160 4783;  
Branch: Rosebank;  
Branch code: 00 43 05 17;  
Bank: Standard Bank;  
Reference: Nalibali

Ungasiza ukuthi lolu shicilelo ludluliselwe ezandleni zabafundi abasha!

Yenza umnikelo kwi-Sunday Times Readers Fund  
Inombolo ye-akhawunti ngu: 00 160 4783;  
Igatsha: Rosebank;  
Ikhodi yegatsha ngu: 00 43 05 17;  
Ibhanga: Standard Bank;  
Ireferense: Nalibali

### In your next Nal'ibali supplement:

- Tips on how to encourage your children's interest in reading and writing
- Find out about the reading club that planted the seed for Nal'ibali!
- Two chapters from the teen novel, *Broken Promises*
- A zig-zag book, *Two*

Can't wait until next week for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or find us on facebook: [www.facebook.com/nalibali](http://www.facebook.com/nalibali)

Find us on Twitter: @nalibali  
Tholana nathi kwi-Twitter: @nalibali

### Kushicilelo lwakho olulandelayo lwe-Nal'ibali:

- Izeluleko ngokuthi ungakhuthaza kanjani uthando lweziningane zakho lokufunda kanye nokubhala
- Thola ulwazi nge-club yokufunda eyatshala imbewu ye-Nal'ibali!
- Izahluko ezimbili kwinothi yentsha ethi, *Ukwephulwa kwezithembiso*
- Ibhuku le-zig-zag, *Owesibili!*

Ngizilindele ngamehlo abomvu izindaba kanye nezeluleko zendaba ngeviki elizayo, ukuthola izinto ezizwusizo kanye nemibono efakela ugqozi? Vakashela ekhelini elithi: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma usibheke kwi: Facebook: [www.facebook.com/nalibali](http://www.facebook.com/nalibali)

# It's time! Yisikhathi!



Story by Carole Bloch

Illustrations by Nikki Jones



Indaba nguCarole Bloch  
Izithombe nguNikki Jones



We publish **what** we like

Read the original story, *It's time*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana and Xitsonga.


Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za)

Funda indaba yokuqala, *Yisikhathi*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba ibuye itholakale nangesiXhosa, i-Afrikaans, IsiSwati, IsiPedi, IsiSuthu, IsiTswana kanye nesiTsonga.

Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za)

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

The sun peeps through Zaza's window.




Ukukhanya kwelanga kungena ekamelweni likaZaza.

It's time to get up.




Yisikhathi sokuvuka.

Mommy gives Zaza a big hug.



Umama wanga uZaza.

It's time to go to school.



Yisikhathi sokuya esikoleni.

The children sit on the mat.



Izingane zihlala phansi kumata.

It's story time.



Yisikhathi sokulalela izindaba.



The teacher writes on the board.



Uthisha ubhala ebhodini.

It's time to write.



Yisikhathi sokucula nokudansa.